CEZA/THULASIZWE HOSPITAL

Volume 2, Issue 2

31- 06 - 05

# CEZE MTOTI

## INSIDE THIS ISSUE:


| | |
|---|---|
| Candlelight Memorial Day | 1 |
| Stroke Awareness Day | 2 |
| Stroke Awareness continues... | 3 |
| Dr Kilufya farewell party | 3 |
| Ukuvaleliswa kuka-Group 7/2003 | 4 |
| Farewell & Welcome | 4 |
| ARV Roll Out | 4 |
| People on the move | 5 |
| Letters to the editor | 6/7 |
| Child Protection Day shoots... | 8 |
| Hospital Activities | 9 |
| Ezemidlalo | 10 |


**Special points of interest:**

- ARV Roll Out & screening started on the 11 July 2005
- Provincial Bursaries will be available soon for 2006 (D 26).
- Ukuvulwa ngokusemthethweni kweSizana kanye neDlebe Clinic kuyeza maduzane

## CANDLELIGHT MEMORIAL DAY

Ngosuku lokukhumbula asebadlula emhlabeni ngesifo se-HIV/AIDS nokusekela noma ukududuza nokunika ithemba izihlobo, abangani, abasebenzi bethu, abaphila nesifo se-HIV/AIDS i-Candlelight Memorial Day. Lolusuku olugujwa minyaka yonke ezweni jikelele.


Kwa-Ceza esibhedlela lwagujwa lolusuku. Izihambeli zethu ezazikhona kwaba ngu-Mfu. M.B. Tembe nabaphelekezeli bakhe asebenzisana nabo ekulwisaneni nesifo se HIV/AIDS, Mnu. M. Dludla ovela ophikweni lwe-HIV/AIDS Zululand District. Mfu. P.Z. Buthelezi wayesiphathele inkonzo.



Umthandazo wokunikeza ithemba nokuqinisa labo abanezihlobo kanye nabangani abaphilayo nasebahlula emhlabeni ngesifo se HIV/AIDS nguMfu. M.B. Tembe no Mfu. P.Z. Buthelezi

Esibhedlela sakwa-Ceza kukhona ama-Support Group amane (4) asesunguliwe. I-Thulasizwe Support group iyona eyakwazi ukuphumelela yaze yasipha nomculo omnandi kakhulu.

Kwi-Support Group yakwa Thulasizwe kwakukhona umfanyana u-Siphesihle Sifiso Mashazi oneminyaka eyisithupha (6) owashiywa ngabazali bakhe bobabili ngesifo se HIV/AIDs. U-Sifiso usesele nogogo wakhe.




U-Mnu. M. Dludla wanikeza amazwi enduduzo nokuphathwa kwabaphila nalesifo.



U-Sifiso Mashazi (6) ubambe ikhandlela ekhumbula abazali bakhe asebadlula emhlabeni.

Izinhlelo esezikhona ezizoqala maduze njengokukhishwa kwemishanguzo yokulwisana negciwane leHIV/AIDS.

Inkonzo esasinayo ngalolusuku yayivuselela futhi ikhuthaza kakhulu kuzonazonke izintshumayelo nezinkulumo ezazikhona.

Khomanani, caring together.

# STROKE AWARENESS DAY



***Lwaligcele liphuphuma ithende elalimisiwe ngosuku lokuqwashisa ngesifo sohlangothi.***



***I-Care Givers izintokazi ezisebenza ekhaya labadala kwa-Ceza (Old Age Home) futhi zizinikele kakhulu emsebenzini wazo zasipha umculo omnandi kakhulu.***

*Kwakuphume nesinedolo, kwakukhona wenasalukazi,xhegu, abakhubazekile, abahlengikazi, ababheka abantu abadala ekhaya labadala nabasemakhaya kanye nonompilo ngomhlaka 30 June 2005. Bonke labantu babezozothamela izinkulumo ngokukuqwashishwa ngesifo sohlangothi owawubanjelwe ethendeni elalisenkundleni yebhola kwaCeza esibhedlela.*

*Lesi sexwayiso sasigqugquzelwa ihhovisi lomkhandlu wezempilo e-Zululand. Bawuhlela behlanganyele nabasebenzi bezobulungiswa bezibhedlela ezehlukene ze-DC 26.*

*Emkhakheni wezobulungiswa kubalwa khona Usonhlalakahle (Social Worker), udokotele wamathambo (Physiotherapy), unesi wabahlukumezekile (Crisis Centre), Obhekelene nezokudla (Dietician). Sebebonke babizwa ngokuthi i-Rehabilitation Team. Yonke lemikhakha iyasebenzisana ngoba isiguli esinohlangothi sibahamba bonke labantu ngokuhlukana kwabo.*

*Ezinkulumweni ezazikhona ngalolusuku u-Melusi Mtshali wabe esechazela abantu ababethamele lomcimbi ababephume ngothi lwabo ukuthi isifo sohlangothi sibangwa yini. Insizwa yakwaMagalela yabe isichaza ithi, "sibangwa ukuvaleka kwemithambo yegazi emzimbeni womuntu." Wabuye wachaza izimpawu zokuqala zesifo sohlangothi wathi, "Ukukhathala kohlangothi oluthile emzimbeni kanye nokungaboni kahle emehlweni." Wabuye wachaza izinto ezingunobangela wesifo sohlangothi wathi, "Ukuphuza amanzi amponjwana, ukubhema, isifo sikashukela, i-hayi-hayi (BP), ukubanomzimba omkhulu ngokweqile, ukucabanga kakhulu noma ukuphatheka kabi. "Kwezinye izikhathi kuba umlando wasekhaya uma kukekwabakhona esake samphatha," kusho u-Melusi. Wabuye wathi singasivikela ngokuthi sigweme lezizinto asezibaliwe, nokuthi ukuvoca vocisa umzimba kanye nokudla ukudla okungenawo amafutha kanye nosawothi omningi. Wacela kakhulu ukuthi masibabekezelele futhi sibathande abantu esebebanjwe yilesifo.*



***U-Ms E.N. Buthelezi ethula inkulumo yakhe mayelana nokulanda nokudliwa kwamaphilisi.***



***U-Matron Mavundla kanye no Nkk Mdlalose wayekhombisa abantu ababekhona ukuthi basebenza kanjani.***

***"with passion we give quality life"***

## STROKE AWARENESS CONTINUES..

*<Ms. E.N. Buthelezi ongumnhlengikazi emtholampilo wasesangweni wagcizelela kakhulu ukuthi abantu abadle amaphilisi. Wabakhuthaza nokuthi bawalande njalo ngosuku lokuwalanda. Wagcizelela ukuthi umuntu oshaywe ngunhlangothi makaphuthinyiswe esibhedlela ukuze athole usizo ngokushesha.*



**Umphathi wohlelo u-Mnu J. Maphisa kanye nomphathi wesibhedlela uNkk. M.T. Zulu bezibiza ngaphambi kwenkulumo yakhe.**



**U-Melusi Mtshali (Physiotherapist) wase Benedictine Hospital wageqa amagula ngesifo sohlangothi.**




**Kugug' othandayo...**

*U-Lucky Khumalo okungudokotela wamathambo lapha esibhedlela sakwaCeza wabe esesika elijikayo indlela abasebenza ngayo emkhakheni wabo. Waqinisekisa ukuthi umuntu kufanele abuye ngelanga okuthiwe abuye ngalo ukuqinisekisa ukuthi kusahamba kahle konke.*

**Well done Ceza Hospital Staff keep the good work up..**

## Bethamoya Hall turned to an Operating Theatre



*Ceza Hospital Staff performing their stage play.*

*On the 29th of June 2005 at the evening you could swear that there was Caesar in our big Bethamoya Hall the way it was.*

*Believe it or not there is a lot of talent at Ceza Hospital, they are just being hide by the uniform. The Ceza Hospital Staff were performing their duties on stage during the farewell party for Dr. Kilufya.*

*Their stage play was so entertaining and humorous. The stage play showed exactly how was it like to work with Dr. Kilufya. Basically there was no need for speeches, because the play showed us everything from OPD to admission of the patient emergency, calling of Dr Kilufya, Dr. Kilufya's response when he was called, sending of the patient to Theatre and during Operation.*

*During the speeches, people talked about how great the man he was. In his speech he talked about the relationships he made during his stay working at Ceza Hospital. "The working conditions I encountered made me a better person.*



*Senzo .. Was performing as Dr.Kilufya*



*I told you there is a lot of talent at Ceza Hospital. Bridging student Nurses doing their thing...*



*Dr. Kilufya and his family.*



*A broken heart Medical Manager Dr. Mokoena.*

Go well Dr. Kilufya we wish you all the best in

# Sika inqephu noma iphethini...



Izintombi nezinsizwa zika-Group 7/2003 emcimbini wabo owawungafunga ukuthi owabadlali babomabonakude noma bezithombe zaphesheya.

Izintombi nezinsizwa zika-Group 7/2003 zazizinhle zidelile wawungafunga ukuthi abadlali bezithombe noma bakamabonakude abathize ngendlela ababedle ngayo inqephu ngosuku lokuvaleliswa kwabo.

Kunesikhathi sokuhlangana nesokuhlukana. Imvamisa kubuhlungu uma kuhlukanwa. U-Group 7/2003 usezothathwa asiwe kwezinye izibhedlela bayosebenzela khona.

Emcimbini wabo, isikhulumi sosuku u-Dkt. R.N. Mokoena wathi "Hambani nifike nibe yisibonelo esihle salapho nivela khona" Lamazwi ayechaza ngokusobala ukuthi imfundiso enhle abayitholile kothisha mabayisebenzise ngendlela.

Kuseyisiqalo lesi emkhakheni wenu nize nazi ukuthi silindele lukhulu kanye nemibiko emihle emuva kweminyaka emibili njengokuthi omunye wenu uphethe iwodi elithile. Hambani kahle nize niziphathe kahle...

Silindele elinye iqembu labafundi abazoqala ukuqeqeshwa kwabo uma kuqala inyanga ka-July 2005. Sithemba ukuthi nabo bozoba negalelo elithile leqophelo eliphezulu ekuhlangabezaneni nezidingo zomphakathi nezinjongo zesibhedlela.

"Ukuwa kwenye ukuvuka kenye"

# FAREWELL TO... & WELCOME...

Farewell to Mrs M.H. Mtshali of School Health services . She has been working for Ceza community for more than 20 years.

Farewell to our two Cuban doctors Dr. Ricardo and Dr. Gonzalez. They come to South Africa on 8 April 1998.

They spend 7 years at Ceza Hospital. They don't know any place here in South Africa besides Ceza Hospital and its mountains. Now they have been transferred to Ngwelezane Hospital.

A warm Welcome to Dr. Mchunu, Dr Mkhari, Dr. Ngutshana and Matron K.C. Buthelezi.

We also have 10 Nursing Assistants arrived at the beginning of July 2005. They are already here with us, please feel at home ladies and gentlemen you are more than welcomed.





ARV Team the meeting discussing the initial roll out of the programme.

## ARV ROLL OUT

The ARV programme has started at Ceza Hospital. The screening of patients started on the 11 of July 2005. They are utilizing Crisis Centre for the time being. The ARV Clinic will be every Monday.



Professional Nurse Ntshangase with the client on their first day of screening.

KZN CEZA HOSPITAL WITH PASSION WE GIVE QUALITY LIFE DEPARTMENT OF HEALTH

## New Appointments



Mrs K.C. Buthelezi
Maternity & Peads Assistant Director.

CONGRATULATIONS!!



Mrs M.N. Masondo
Night Duty Assistant director

HALALA!!



NAMUKELEKILE!!



Dr. Mchunu
Principal Medical Officer



Dr. Ngutshana
Chief Medical Officer



Dr.Mkhari
Principal Medical Officer

*Ceza Hospital staff and management welcomes you all ladies and gentlemen.*



## PEOPLE ON THE MOVE...

### CONGRATULATIONS !!

*Appointed as...*
*Chief Professional Nurses.*

- *G.T. Xaba*
- *M.N. Mkhize*
- *S.M. Mbuyisa*
- *G.T. Zungu*
- *K.F. Nyandeni*
- *G.N. Zulu*
- *E.B. Khumalo*
- *T.V. Mbatha*

*Ezimfabeni Clinic*

- *N.L. Khumalo*

*Appointed as...*
*Senior Professional Nurses.*

- *E.S.G. Buthelezi*
- *M.H. Majozi*
- *R.T. Shabangu*
- *N.T.A. Ndlela*

*Dlebe Clinic.*

- *N.A. Mlotshwa*

*Ceza Hospital Management and Staff would like to pass their deepest condolences to Sibiya, Buthelezi, Mthimkhulu and Kunene families to loose their loved ones.*

*Ms. Nelisiwe Sibiya was working at Ceza Hospital she got a transfer to Nkonjeni Hospital.*

*Mr. K.M. Buthelezi was working at the workshop.*

*Mrs. N.M. Mthimkhulu was working as a Food Service Aid.*

*Ms. M.N. Kunene was the student Nurse of Ceza Hospital. She was one of the intelligent student and the class rep for Group 6/2004.*

*"May your soul rest in peace"*

## Ceza Hospital Activities



U-Prof. Green-Thompson kanye noMphathi wesibhedlela u-Mrs Zulu



U-Dkt. Ricardo noNkosikazi wakhe wambathiswa ingubo ngamanesi akwa-Ceza.



Lezi izipho ezaziphiwa u-Dkt. Gonzalez kwa Thulasizwe ngenkathi evaleliswa.



Kwase kuyisikhathi sezipho emcimbini wokuvalelisa uGroup 7/2003




U-Dkt. Gonzalez no Nkosikazi wakhe bephethe izipho zabo namanesi ababili kwaThulasizwe Hospital .



Iqembu lomama bakwaThulasizwe i-Old Timers lalenza ezibukwayo.





***Asephelile amaqembu isimbambamba senduku yi-Ceza Swallows.***

# *ZINDIZELA PHEZULU IZINYONI ZAKWA-CEZA*

*I-Ceza Swallows okuyiqembu lebhola likanobhutshuzwayo lesibhedlela sakwa-Ceza lathatha izindebe ezimbili kanye nezindondo kabili kulandelana emiqhudalwaneni eyahlukene.*

*Babeshisa bethi bhe abafana be-Ceza Swallows emidlalweni ebizwa ngokuthi i-Inter-Departmental Games eyayidlalelwa ezinkundleni zas'Ondini. Lemidlalo yayixhaswe ngabakwa-Avbob bedibanise amadiphathimente ahlukene.*

*I-Ceza Swallows yawaguqisa wonke lamaqembu okubalwa kuwo neqembu lakwa Shoprite nothisha bas'Ondini okwakuyiwona ayebhekiwe kakhulu.*

*Ngomhlaka 16 June, okungusuku lwenstha kwabakhona imidlalo eyahlelwa yabe isidlalelwa khona enkundleni yakwa-Ceza. Amaqembu ayekhona kwakubalwa iqembu lothisha baso-Lundi, othisha bakwa-Ceza kanye neqembu lesibhedlela sakwa-Ceza (Ceza Swallows). Iqembu lama-ambulense (EMRS) laba namanzi emadolweni langaphumelela ukuza. I-Ceza Swallows yaphinda yathatha indebe nezindondo kwathi othisha bas'Ondini bathatha isibili.*

*Lemidlalo yahlelwa yaba impumelelo nguMnu. Masondo (Thashi) ophethe othisha basolundi nakwaCeza kanye Mnu. Zungu (Mlwane) wakwa-Ceza esibhedlela.*

*Siyabonga kuwonawonke amaqembu aphumelela ngomhlaka 16 June, abaxhasi kanye nabagqugquzeli balemidlalo lokhu abakwenzayo kuyancomeka kakhulu. nokwenza usuku lubeluhle kakhulu futhi luhlonipheke.*

*Sihalalisela kakhulu iqembu lesibhedlela ngokuphakamisa izindebe nezindondo kanye negama lakwa-Ceza.*



***U-Sbongakonke Mlwane Zungu kanye no Sterring Khumalo be-Ceza Swallows bemukela izindondo zabo ngemuva kokunqoba kwabo imidlalo yosuku.***



***U-Thashi Masondo, Mike Buthelezi weqembu lothisha bakwaCeza emukela indebe kuMnu. Xaba***



***Othisha basoLundi bemukela izindondo zabo bephume isibili.***



***U-Mbhobho, Tsetse kanye no Spirit banikeza iqembu amaqhinga okuthatha indebe.***